-nkengana.

Na labayana, okuyjiwa kubona, ba ba biza ngo kuti "amankengana" "izita", ngo ba nabo batsho njalo, imihlati yombili-

35/item 9/11-23.

5.8.08.

Nabo futi ba qub' ezeng' izintkomo ezi njengalezo.

Kanti lempi ezakwazo, i hlasela, i ya ku le nkosi njè, le nkosi kanti a yi y'azi. I ya zuma. It' a si bo fica be ngazi, be ngazi luto. Ba yetuka: se si qamuka njè. Se si bamb' inkosi yakona, se si yi ngqina, se sidhl' izinkomo. Ngoba, nempi yake, kon' itukutela, i na mandhla, izo dumala, it' i sizwa, sokutiwa "abafo se be yi ngqumil' inkosi yetu"; i si jaba, i si dumala. Ngob' impi, ya bant' abamngqama a yi tshelani, ukuti

12

si yiza. Ilwa ngo ku zumana. [Kanti-ke zinyi' inkosi izwile, i nga ka fiki. Ne yake umfi wa yi ze yi hlomisa, i si butana ngamandhla, ngo kutshetsha, i nga ka fiki ya le nkos' ezayo, i zo bulala ku lelo lizwe la lezo nkosi. Iya fika nazo-ke i si pet' izikali, i si ba qapele, ukut' ikona imp' ezayo ye nkosi enye ubani, u ya hlasela kiti. Uza ukudhl' izinkomo za kiti.

Il' izake se beyi qapele, ngoba ba yi zwile. Isiti lap' ivdizayo-ke Kanti sebehlabelene umkosi, se bet' "Ayi hlome!" So ku balekwa; Ukubaleka-ke se be gub' izinkomo, se zi ya nganscanye, zonke, ye si-funda sonke sakona.

Amadod' a se hlome ~~zz~~ e ya nga-nscanye onke, nabo sebebutene

ba buyela nganxanye emzini we
nkosi yabo, kwatiwa "i kon' impi' ezayo.
Nabo bayi xoxa, impi, n'abo ba
qomanaben' ukubatukutelisa –
ukuqomana. Nabo babekelana,
ba bekelana imizi yabo ukuti "Ngi
qoma wena bani, ngi yokwahlula
mina ngempi, impi i nga fika.
Ngi ya uzwaz' abant' abaningi,
ngapambili kwako, ngi kwahlule.
"Kum't ungahlulile ngempi u yo
tat' umuzi wami, ngoba u yabeka
nje na ngo dadewabo, um' odadewabo
be babili noma be batatu noma
be bane u yo ba tatata kuba
abako; mina ka ngahlabana,
wena wa fwaza, mina ka nga fwaza.
Loku kwenz' ukuci' abantu, ba
tukutele, bati lapa impi i si
hlangana, i si qateka, abe seti,

"Ha, yek' umuzi wami, e nga u bekela ubani, e sa-gomana naye enkundhleni, esibayeni, ngat' uma ngi nga hlabananga u ya ku wu tabata, u bu spuba owake. Ngoba naye wa 'bek' umuzi wa kwabo, wati uma ngi mahlulile ngempi, ngahlabana ngapambili kwake ngi ya ku wu tabata o wa kwabo. Nag' um' ahlabene ngapambili kwami u ya ku wu tabata owakwetu. Nayeke a zi del' amatambo, fun' a ngapuce umuzi wakwetu engi m bekele ngawo.

Bobabili-ke ilowo wengen' omunye. Umengenil' impela, kona be ngeko ndawonye, ku i lo a bambe lapaya, elwa, ku ilo a bambe lapaya, elwa. U yetemba ukati kuyoti lap' impi isi buyile, un' engafanga, bo vel'

aye nabo abakubo ofakazi. Ngob'
impi ilwa ilwe qede kufa bantu
ndawo zombili, ku sal'abantwo. Ku
zoti lab'abaselego ba tolane, se be ti
ha! kanti bal'ukona, ikon'isi
buzana; i si funana. U se bon'omu-
-nye a maziyo, njeng'esihlobo, noba
-fowabo. Useti Obani uke wa ba
bona na? Useti O! ubani ngi m
bonile, u file, ubani ba m gwazile,
u file, Uban'ukona. Se be tolana
~~nga~~ no filego, no kona, no filego nokona.
Isi hlangan~~ye~~â impi esindilego,
engafanga. Isi xotka~~ke~~ impi.
U se vel'a bemuenye, useti Mina,
sa fika sa bamb' endawen' etile.
So ku vel' amagawe ati mina nga-
-dhl'umhlanganiso (umhlanganiso
ke idapa qatika kona kugala) U
se bal'abantu bake, a ba gwazayo.

Abantu bake-ke abăbalazo, ăba gwazazo, ŭbala ngezihlangu. Izi-hlangu lezi zi ne mĭbala, njeng' em'ĭbala ye zinkomo, ukuti nga fika kumfokazana, (ukuti umfokazana ku fana nokuti "inkengana") o pet' isihlangu sake e sinco, nga m gwaza nga m lahla pansi. Nga fika kumfokazana o pet' isihlangu sake esihēmu, ngamgwaza nga m lahla pansi. Nga fika ku mfokazana o pet' isihlangu sake esiwaba, nga m gwaza nga m lahla pansi. Nga fika ku mfoka-zana o pet' isihlangu sake esibomvu, esintusi, nga m gwaza, nga m lahla pansi. Nga fika ku mfokazana o pet' isihlang-u sake esilunga, e fak' umgubula, kwa se ku fik' ubani no bani

(wa ba kubonz ababonayo – ababale
nje aye ba bona, kaze ba be baningi)
Ati "Kodw'abanye a ngibazi, impi
ya yi si xubene, se ku indida –
se ngi bona kute nje mbo! ngoba
nam'amehlo a se bona lapa ngi
qonde kona, ngoba nami ngi vikel'
ikanda lami. Ye suka ukuba ngi
gwaze nsihlangwini e si lunga.
Se zi buza-ke izinduna, zo se zito
"impi lena, nati ni yi susa
njena, se ni yi xotsha, kwaba
kini, wabon' o bani no bani? Uti
"ngabon' ubani," ababale bonke
a yeba bona, abanye bamdede
nje na ba be kona. Sekuzo faka-
z'abanye, lab'ababaliteyo yena,
ukuti wa babona. Se be vez' abanye
yen'a nga ba bonanga. Kanti
naye ka ba bonanga nje kwenziwa

impi, it'ingakwa, ixubane na ya kini, ne ya bafo i ndlwa nabo, a yi bi sa bonana, namp' abantu ba yakwa, nabakubo aba nga lapa kwake ku lomkono use ba bona ngabanye, nanga lapa futi ku lomkono wesihlangu, a sa ba boni kahle bonke, kodwa abanye bona u ya ba bona. Ngoba naye ubeke pambili, kodwa iso ali yeke ukubek' ngalapa na ngalapa, na pambili lap' rquise kona nabo ba funa ukuba ba mgwaze.

Ukubeka kwa ngalapa na ngalapa ku yingcosana, o ku kona ku kukulu, ukubeka pambili. Lok' ukubeka ngalapa nangaku lomkono ukuti 'a ngi bek' abakiti ukuba nabo ba tukutela, ba

saza pambili na? Ingabe, se be baleka, nami, ngi pendukeke ngi baleke. Uma beza pambili, nami ngize pambili. Uma be baleka, nami ngi baleke.

Uma ku ibona abanamandhla aba xotsha lab'aba ba bekileyo, ba jabule kakulu; ba qinise impela. Ne qwala lakona, e kade li gcin' emuva, inganti ekaza be li yi xoxile, se li zo sizakala, impi se li zo yi qwaza ibece, ki isi falatele, o se beyi qwaz' emhlana. Ba zo yi xotsh' impela ba muke nayo bayis' emngeni (si lapa nje), baze ba tiywe ngoba kutshon' ilanga. Isi ngenisa isidhl' aku-dhlanje, ilala. Se'kuti ku nga kasi u seyi paka. Isi ba xotsha njalo, iba qwaza.

Sekuti e be be sindile impi isalwa, isiti lapa i si yi xotsha, se ku buye kufa bona, ingati be be sindile impi isalwa. Isiti lap' ivba xotsha i siz' i ba finyanise, se be katele. I sè ba bulala. Inganti be be sindile lapa i bè qateke kona, yalwa kona esikundhlani.

Kubili, iti i nga i xotsha lap' elwe kona ku gala, i bi si yi yeka. Okwesibili ka ukuti: Inye i yi xotsha njalo i ngayi yeke, kaze kufe ne be be sindile, i nxanel' inkosi yabo, i yi fune. Kant' inkosi yegile. Ik' ub' i bone, ub' i bulwa nje inkosi i bi ngeko, amazw' ayo ya wa nik' izinduna zayo, zo ku qat' impi. Yona-ke yad' itumel' izinceku. Iza kuzwa, ngezinceku ukuti "e yakō impi' ebalekile, impi'

i yahlulekileyo. Baleka, nkosi! Isi
za konalapa, ifuna wena, isi
zo bulala wena. Ngoba ~~ez~~ ezetu
impi ka yi fani ne ya belungu
ngoba inkosi ifik' ebanjwe, ibotshwa,
tina umuntu o fike kuqala, wazi
bon' inkosi, ukuti "Nansi" abe zeyi
hlaba ngomkonto, zeyi bulala. Ingeko
le yake. Eyake i zaziswa ngendaba
ukuti "Simbulel' ubani" Ibuze
iti "Niti, ni qinisile na? Ku bulewe
sip' isigaba na?" "Kubulewe isigaba
si ka bani" "Wa gwazwa ubani na?
Wa gwazwa ubani.- (Ubizwa nge
gama lake njalo o gwaz' inkosi)
So ku bizwa abambonileyo. Ab
Se be vela. Sebeti "Si bonile, ufil' impela,"
"Bala wa gwazwa ubani na?" Se
beti "Yebo, nkosi!" Se kuti ezin-
-komeni u se ngumzelwake, usakelwa

umuzi ngoba iqawe.

Izidhl'izinkomo ~~zi~~ za le nkosi eyahlulwayo, zonke, ezizwe ~~lo~~ lakona. Zipang'abantu, nezi-ngane, nabafazi. Ziyazi pangela, tina maqawe, izingane. Izinkomo ke e ze nkosi. Izimbuzi ke kutiw' isangcobe, upata. (njeng' ~~ok~~ amabele a telw' emgodini a be peba isangcobe, upata). Izinkomo "umtata" (nank' uhlanganelwa, kumile), izinkomo ze nkosi ke le zo.

Ikona ke izaubutana yonke, ~~izo~~ isosewe njenga mhla i pumayo be qomana, be bekelana ngemizi, be bekelana ngo dadewabo kwa ~~ye~~ ubel' ofakazi ati "Ubani ngambona, wa hlabana endaweni etile. Omunye a vele ati "Nga

hlabana, banga biko aba ~~k~~ bonayo impi yake. Li ya mlahl'icala- [lost in the battle]

6.8.08.

35 | item 9 | 23–36.

ngokuti ugamb'amanga ~~ab~~ ababuel' abantu aba bona kahle ukuti 'bal' uhlabene.

Inkosi leyo ke ikon' izo xotshis' amagawe, kanye nezinduna nabanumzana. Impi njalo, abantu bazi tola ngamanga, ngob'abanye abant'abakulu ku hlabana abafokazana bake, kuza uti lapa e se fika inkosini, ump'abese yi xoxa nga manga, esedhl'impi ya bafokazana bake, esot'eyake. Eseti 'Ngadhla umhlanganiso, lapa ya gateka kona, se ngi gwaza esihlangwini (esetsh'umbala-esitile), njengokubana imibala yezinkomo pela miningi. Useti-k ngadhl'umfokazana owaye pete